**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo

2. Leli phepha lihlukaniswe iziqephu EZINTATHU:
   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imilayezo (10)
   ISIQEPHU D: Imibhalo equkethe ulwazi, ebonwayo nesebenzisa izindlela eziningi zokuxhumana. (10)

3. Abahlowayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B, OWODWA esiqeshini C NOWODWA esiqeshini D

4. Mabaqale umbuzo ngamunye ekhasini ELISHA.

5. Mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.

6. Mabaqaphelisise isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.


7. Ubude bokubhala lo msebenzi buhamba kanje:
   ISIQEPHU A: Bhala amakhasi amagama angama-250 – 300. Khumbula ukuthi uphoqelekile ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa ngoba lunamamaki.
   ISIQEPHU B: Umbhalo mawube odlulisa umyalezo amagama angama-130 –140
   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane enomyalezo, mayibe amagama angama-20-40.
   ISIQEPHU D: Imbhalo equkethe ulwazi, ebonwayo nesebenzisa izindlela eziningi zokuxhumana mayibe amagama angama-20-40.

## ISIQEPHU A

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo, ubhale indaba ibe amagama angama-250 – 300. Khumbula ukubhala uhlaka ekhasini lalo lodwa ngoba lunamamaki alo.

### UMBUZO 1

Ezikoleni sekuvamile ukuba kubikwe izimo zokuhlukumezeka okunhlobonhlobo, lapho uthola izigilamkhuba zizingenela zikhombe othisha nezingane ngezibhamu zibabambe inkunzi njengoba kuvezwe esithombeni esingezansi.



Bhala indaba uveze izindlela ezingenziwa ukunqanda lesi simo ngoba siphazamisa ukufunda nokufundisa. Nika indaba yakho isihloko esiyifanele. **[50]**

**NOMA**

**UMBUZO 2**

Impela baqinisile uma bethi, '**Elokufa Alitsheli'.** Ngihlale ngizwa ukuthi uma usubhekene nokufa ngqo ezinhlamvini zamehlo kuphela konke ukuhlakanipha.





Sebenzisa isithombe esingenhla ubhale indaba lapho uxoxa ngesigameko esakwehlela mzukwane uhamba ngemoto yakho kanokusho. Sebenzisa 'Elokufa alitsheli' njengesihloko sendaba yakho. **[50]**

**NOMA**

**UMBUZO 3**

Izilimi ezisemthethweni eNingizimu Afrika ziyi - 11 futhi zihlonishwa ngokulinganayo. Ngabe kufanele yini ukuthi ezikoleni kufundiswe ngoLimi Lwebele zonke izifundo ukuze kusizakale bonke abafundi kunokufundisa ngolimi lwesiNgisi? Bhala indaba ezophendula lo mbuzo ubhekise nasesithombeni esingezansi.




**[50]**

**NOMA**

**UMBUZO 4**

Bukisisa lesi sithombe esilandelayo bese ubhala ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko esifanele.




**[50]**

**NOMA**

**UMBUZO 5**

Funda inkulumo-mpendulwano elandelayo ubhale indaba ulandela imiyalo engezansi.

| | |
|---|---|
| Busi: | "Angeke nje ngilokothe ngikhulelwe mina." |
| Thandi: | "Ingani uHulumeni uyayikhipha imali yeqolo." |
| Busi: | "Kodwa yimina engizozisola kuqala." |
| Thandi: | "Mina anginandaba noma ngingakhulelwa ..." |

Le nkulumo-mpendulwano phakathi kwala mantombazane amabili ikhombisa ukungazinakekeli kwamanye amantombazane mayelana nezindaba zocansi olungavikelekile .

Bhekisisa le nkulumo-mpendulwano yalaba bafundi uveze owakho umbono ngamacala omabili. **[50]**

**ISIQEPHU B**

Khetha **OWODWA** umbhalo kule elandelayo bese ubhala kube amagama angama-130 – 140.

**UMBUZO 1**

Uthisha unikeze abafundi umsebenzi ukuba bawenze ekhaya uma esewucela ngakusasa omunye umfundi akawenzile. Umfundi uyazama ukuchaza kodwa uthisha akezwa lutho. Bhala ingxoxo phakathi kukathisha nomfundi. **[30]**

**NOMA**

**UMBUZO 2**

Ungunobhala wenhlangano yezakhamuzi endaweni yakini. Beninomhlangano lapho benidingida izindaba zentuthuko endaweni. Ninezikhalo enizozedlulisela emkhandlwini kamasipala. Bhala indabambiko ulandela isakhiwo esifanele. **[30]**

**NOMA**

**UMBUZO 3**

Uthenge izimpahla zokugqoka ngeposi kwa-Edgars Group LTD, P.O. Box 716. BLOEMFONTEIN, 6000. Indaba seyenzeka uma usuzilinganisa uthola ukuthi azikulingani zonke, eqinisweni baphambanise ama-oda ngoba lezi ezikuwe ngathi ezengane encane.
Bhalela uMphathisitolo ukhale ngalesi simo njengoba izimpahla ubuzozigqoka emshadweni kodwa akusenzekanga. **[30]**

**ISIQEPHU C**

Khetha OWODWA kule mibhalo elandelayo, ubhale amagama angama-20-40).

**UMBUZO 1**

Endaweni yangakini ukushayela imoto kusengokwabantu abathile. Wena njengesakhamuzi esidala kule ndawo usuthathe isinqumo sokuvula isikole sokushayela.Yenza isikhangisi esizoheha abantu bendawo ikakhulukazi abantu abasha ukuba bazofunda esikoleni sakho. **[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 2**

UnguNobhala enkampanini yakwa-Toyota, ngenxa yokungapheleli kwezisebenzi zasebusuku, uMqondisi wenkampani ukucelile ukuba uthumele ifekisi komunye wezisebenzi oseholidini ukuba aphuthume ukuvala isikhala esivulekile. **[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 3**

Ungumphathi womNyango Wezamanzi. Bhala imemo emfishane ubhalele umphakathi wakwaNyamazane uwazise ukuthi kuzoba nokunqamuka kwamanzi ngoLwesibili zingama-20 kuMeyi. Lokhu kungenxa yokuqhuma kwepayipi elletha amanzi kule ndawo. **[10]**

**ISIQEPHU D**

**UMBUZO 1**

UnguThokozani uNobhala ehhovisi lomqondisi. Kungena ucingo umqondisi engekho ehhovisi. Lolu cingo beluvela kumzala wakhe. Funda ingxoxo elandelayo phakathi kwakho noKhoza umzala woMqondisi bese ubhala umlayezo ungeqi emagameni angama-40 umqondisi azowufunda uma ebuya.

| | | |
|---|---|---|
| Thokozani | : | UmNyango weMfundo, uThokozani okhulumayo, sawubona. |
| Khoza | : | Yebo mntanami. Ngicela ukukhuluma noMqondisi |
| Thokozani | : | Ngebhadi akekho. Ngingawuthatha umlayezo? |
| Khoza | : | Mazise ukuthi kuzobe kufika abakhwenyana bakaThobeka ngempelasonto ezayo ngoMgqibelo. Bazokwembesa. Ngizobe sengihlabisa abakhongi kanye nomkhwenyana. |
| Thokozani | : | Yebo |
| Khoza | : | Kuyobe kungumcimbi omuhle impela. Ungixolisele ngokumthinta isikhathi sesidliwe yinja. ngisuke ngaphunduleka. Uxolise impela. Umcele-ke ukuthi angakhohlwa ukuphatha into encane. |
| Thokozani | : | Encane kanjani Baba? Yini into encane? |
| Khoza | : | Khululeka mntanami. Uzokwazi yena. Yindaba yethu leyo. Ungakhohlwa ukungixolisela bo. Usale kahle. |
| Thokozani | : | Siyabonga, bye. |

**[10]**

**NOMA**


**UMBUZO 2**

Usebenza egalaji lapho kudayiswa khona izimoto ezinhlobonhlobo. Kunohlobo lwemoto olusha ofuna ukuludayisela abantu abaneminyaka engama-20 kuya kwengama-25. Bhala iphosta ukhangise le moto. **[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 3**

Bukisisa ibalazwe elilandelayo ngezansi ubhale umyalelo uyalele umuntu ozosuka esibhedlela i-Van Riebeeck esikhaleni esingu-2C (ekhoneni lika-Skinner no-Schoeman), aye esibhedlela i-PTA Academic esisesikhaleni-1D (ku-Dr. Vasage) Ubhale usebenzise indlela elandisayo.




**[10]**

**AMAMAKI ESEWONKE: 100**